

ZULU	NEW INTERNATIONAL VERSION
<b>Hoseya 1</b>	<b>Hosea 1</b>
1:1 Izwi likaJehova elafika kuHoseya indodana kaBeri ezinsukwini zawo-Uziya, noJothamu, no-Ahazi, noHezekiya, amakhosi akwaJuda, nasezinsukwini zikaJerobowamu indodana kaJowashi, inkosi yakwa-Israyeli.	1:1 The word of the Lord that came unto Hosea, the son of Beeri, in the days of Uzziah, Jotham, Ahaz, and Hezekiah, kings of Judah, and in the days of Jeroboam the son of Joash, king of Israel.
1:2 Lapho uJehova eqala ukukhuluma ngoHoseya, uJehova wathi kuHoseya: “Hamba uzithathele umfazi ophingayo nabantwana bophingayo, ngokuba izwe liyaphinga nokuphinga ngokungamlandeli uJehova.”	1:2 The beginning of the word of the Lord by Hosea. And the Lord said to Hosea, Go, take unto thee a wife of whoredoms and children of whoredoms: for the land hath committed great whoredom, departing from the Lord.
1:3 Wayesehamba, wathatha uGomere indodakazi kaDibilayimi; wakhulelwa, wamzalela indodana.	1:3 So he went and took Gomer the daughter of Diblaim; which conceived, and bare him a son.
1:4 UJehova wathi kuye: “Qamba igama layo ngokuthi uJizreyeli, ngokuba kusezakuba yisikhashana ngize ngiphindisele igazi likaJizreyeli phezu kwendlu kaJehu, ngiqede umbuso wendlu ka-Israyeli.	1:4 And the Lord said unto him, Call his name Jezreel; for yet a little while, and I will avenge the blood of Jezreel upon the house of Jehu, and will cause to cease the kingdom of the house of Israel.
1:5 Kuyakuthi ngalolo suku ngaphule umnsalo ka-Israyeli esigodini saseJizreyeli.”	1:5 And it shall come to pass at that day, that I will break the bow of Israel, in the valley of Jezreel.
1:6 Wabuye wakhulelwa, wazala indodakazi. Wayesethi uJehova kuye: “Qamba igama layo ngokuthi uLo Ruhama, ngokuba angisayikuyihawukela indlu yakwa-Israyeli ukuba ngibathethelele.	1:6 And she conceived again, and bare a daughter. And God said unto him, Call her name Loruhamah: for I will no more have mercy upon the house of Israel; but I will utterly take them away.
1:7 Kepha indlu yakwaJuda ngiyakuyihawukela, ngibasindise ngoJehova uNkulunkulu wabo, ngingabasindisi ngomnsalo, nangenkemba, nangokulwa, nangamahhashi, nangabamahhashi.”	1:7 But I will have mercy upon the house of Judah, and will save them by the Lord their God, and will not save them by bow, nor by sword, nor by battle, by horses, nor by horsemen.
1:8 Esemblumulile uLo Ruhama, wakhulelwa, wazala indodana.	1:8 Now when she had weaned Loruhamah, she conceived, and bare a son.
1:9 Wayesethi uJehova: “Qamba igama layo ngokuthi uLo-Ami, ngokuba anisibo abantu bami, mina angiyikuba nguNkulunkulu wenu.	1:9 Then said God, Call his name Loammi: for ye are not my people, and I will not be your God.
1:10 “Nokho umumo wabantwana bakwa-Israyeli uyakuba ngangesihlabathi solwandle esingenakulinganiswa, singenakubalwa; kuyakuthi esikhundleni sokuba kuthiwe kubo: ‘Anisibo abantu bami,’ kuthiwe kubo: ‘Ningamadodana kaNkulunkulu ophilayo.’	1:10 Yet the number of the children of Israel shall be as the sand of the sea, which cannot be measured nor numbered; and it shall come to pass, that in the place where it was said unto them, Ye are not my people, there it shall be said unto them, Ye are the sons of the living God.

ZULU	NEW INTERNATIONAL VERSION
1:11 Abantwana bakwaJuda nabantwana bakwa-Israyeli bayakubuthana ndawonye, bazimisele inhloko ibe nye, bakhuphuke ezweni, ngokuba luyakuba lukhulu usuku lukaJizreyeli.	1:11 Then shall the children of Judah and the children of Israel be gathered together, and appoint themselves one head, and they shall come up out of the land: for great shall be the day of Jezreel.
<b>Hoseya 2</b>	<b>Hosea 2</b>
2:1 “Bese nibiza abafowenu ngokuthi u-Ami, nawodadewenu ngokuthi uRuhama.	2:1 Say ye unto your brethren, Ammi; and to your sisters, Ruhamah.
2:2 “Phikisanani nonyoko, niphikisane, ngokuba akasiye umkami, nami angisiyo indoda yakhe; makasuse ubufebe bakhe ebusweni bakhe, nokuphinga kwakhe phakathi kwamabele akhe,	2:2 Plead with your mother, plead: for she is not my wife, neither am I her husband: let her therefore put away her whoredoms out of her sight, and her adulteries from between her breasts;
2:3 funa ngimhlabule abe nqunu, ngimenze njengasosukwini lokuzalwa kwakhe, ngimenze ihlane, ngimbeke abe njengezwe elomileyo, ngimbulale ngokoma.	2:3 Lest I strip her naked, and set her as in the day that she was born, and make her as a wilderness, and set her like a dry land, and slay her with thirst.
2:4 Angiyikuhawukela abantwana bakhe, ngokuba bangabantwana bobufebe.	2:4 And I will not have mercy upon her children; for they be the children of whoredoms.
2:5 Ngokuba unina ufebile, ngokuba wathi: ‘Ngiyakulandela izithandwa zami ezinginika isinkwa sami namanzi ami, uboya bami bezimvu nefilakisi lami, amafutha ami nokuphuza kwami.’	2:5 For their mother hath played the harlot: she that conceived them hath done shamefully: for she said, I will go after my lovers, that give me my bread and my water, my wool and my flax, mine oil and my drink.
2:6 Ngalokho bhekani, ngiyakuvimbela indlela yakho ngameva, ngakhe ugange ngakuye, ukuze angafumani imikhondo yakhe.	2:6 Therefore, behold, I will hedge up thy way with thorns, and make a wall, that she shall not find her paths.
2:7 Uyakulandela izithandwa zakhe, kepha akayikuzifika; uyakuzifuna, kepha akayikuzifumana; abesethi: ‘Ngiyakuhamba ngibuyele endodeni yami yokuqala, ngokuba kwakukuhle kimi lapho kunamanje.’	2:7 And she shall follow after her lovers, but she shall not overtake them; and she shall seek them, but shall not find them: then shall she say, I will go and return to my first husband; for then was it better with me than now.
2:8 Kepha akazanga ukuthi yimina engamnika amabele, newayini elisha, namafutha, ngamandisela isiliva negolide abenza ngakho uBali.	2:8 For she did not know that I gave her corn, and wine, and oil, and multiplied her silver and gold, which they prepared for Baal.
2:9 “Ngalokho ngiyakubuye ngithabathe amabele ami ngesikhathi sawo, newayini lami elisha ngenkathi yalo, ngisuse uboya bami bezimvu nefilakisi lami lokusibekela ubunqunu bakhe.	2:9 Therefore will I return, and take away my corn in the time thereof, and my wine in the season thereof, and will recover my wool and my flax given to cover her nakedness.

ZULU	NEW INTERNATIONAL VERSION
2:10 Sengiyakwambula ihlazo lakhe emehlweni ezithandwa zakhe; akuyikubakho omophula esandleni sami.	2:10 And now will I discover her lewdness in the sight of her lovers, and none shall deliver her out of mine hand.
2:11 Ngiyakwenza ukuba iphele yonke intokoza yakhe, imikhosi yakhe, nokwethwasa kwenyanga, namasabatha akhe, nayo yonke imikhosi yakhe emisiweyo.	2:11 I will also cause all her mirth to cease, her feast days, her new moons, and her sabbaths, and all her solemn feasts.
2:12 Ngiyakuchitha imivini yakhe nemikhiwane yakhe ashilo ngakho, wathi: 'Kuyinkokhelo yami ezinginikile yona izithandwa zami;' ngiyakukwenza kube yihlathi, izilwane zasendle zikudle.	2:12 And I will destroy her vines and her fig trees, whereof she hath said, These are my rewards that my lovers have given me: and I will make them a forest, and the beasts of the field shall eat them.
2:13 Ngiyakumhambela ngenxa yezinsuku zawoBali owabashisela ngazo impepho, wahloba ngamacici akhe nangezinto zakhe ezinhle, wazilandela izithandwa zakhe, wangikhohlwa, usho uJehova.	2:13 And I will visit upon her the days of Baalim, wherein she burned incense to them, and she decked herself with her earrings and her jewels, and she went after her lovers, and forgot me, saith the Lord.
2:14 "Ngalokho bhekani, ngiyakumyenga, ngimyise ehlane, ngimqunge isibindi.	2:14 Therefore, behold, I will allure her, and bring her into the wilderness, and speak comfortably unto her.
2:15 Lapho ngiyakumnika izivini zakhe, nesigodi sase-Akori sibe ngumnyango wethemba; uyakuphendula lapho njengasezinsukwini zobusha bakhe nasosukwini lokukhuphuka kwakhe ezweni laseGibithe.	2:15 And I will give her her vineyards from thence, and the valley of Achor for a door of hope: and she shall sing there, as in the days of her youth, and as in the day when she came up out of the land of Egypt.
2:16 "Kuyakuthi ngalolo suku," usho uJehova, "ungibize ngokuthi: 'YiNdoda yami,' ungasangibizi ngokuthi: 'NguBali wami.'	2:16 And it shall be at that day, saith the Lord, that thou shalt call me Ishi; and shalt call me no more Baali.
2:17 Ngiyakususa amagama awoBali emlonyeni wakhe, bangabe besakhunjulwa ngamagama abo.	2:17 For I will take away the names of Baalim out of her mouth, and they shall no more be remembered by their name.
2:18 Ngalolo suku ngiyakubenzela isivumelwano nezilwane zasendle, nezinyoni zezulu nezilwanyana ezinwabuzelayo emhlabeni, ngaphule umnsalo nenkemba nokulwa ukuba kusuke ezweni, ngibalalise belondekile.	2:18 And in that day will I make a covenant for them with the beasts of the field and with the fowls of heaven, and with the creeping things of the ground: and I will break the bow and the sword and the battle out of the earth, and will make them to lie down safely.
2:19 Ngiyakuzimisela wena ube ngumkami kuze kube phakade, ngizimisele wena ngokulunga, nangokwahlulela, nangomusa, nangobubele.	2:19 And I will betroth thee unto me for ever; yea, I will betroth thee unto me in righteousness, and in judgment, and in lovingkindness, and in mercies.
2:20 Ngiyakuzimisela wena ngokuthembeka ube ngumkami; uyakumazi uJehova.	2:20 I will even betroth thee unto me in faithfulness: and thou shalt know the Lord.

ZULU	NEW INTERNATIONAL VERSION
2:21 “Kuyakuthi ngalolo suku ngiphendule,” usho uJehova, “ngiphendule amazulu, wona aphenndule umhlaba.	2:21 And it shall come to pass in that day, I will hear, saith the Lord, I will hear the heavens, and they shall hear the earth;
2:22 Umhlaba uyakuphendula amabele, newayini elisha, namafutha, khona kuphendule uJizreyeli.	2:22 And the earth shall hear the corn, and the wine, and the oil; and they shall hear Jezreel.
2:23 Ngiyakuzitshalela yena ezweni, ngihawukele ongahawukelwanga, ngithi kwababengesibo abantu bami: ‘Ningabantu bami,’ bona bathi: ‘UnguNkulunkulu wethu.’ ”	2:23 And I will sow her unto me in the earth; and I will have mercy upon her that had not obtained mercy; and I will say to them which were not my people, Thou art my people; and they shall say, Thou art my God.
<b>Hoseya 3</b>	<b>Hosea 3</b>
3:1 UJehova wathi kimi: “Hamba futhi, umthande owesifazane othandwa ngumngane wakhe, eyisiphingikazi, njengalokhu uJehova ethanda abantwana bakwa-Israyeli, noma bephenndukela kwabanye onkulunkulu, bethanda izigaxa zezithelo zomvini ezomileyo.”	3:1 Then said the Lord unto me, Go yet, love a woman beloved of her friend, yet an adulteress, according to the love of the Lord toward the children of Israel, who look to other gods, and love flagons of wine.
3:2 Ngase ngizithengela yena ngezinhlamvu eziyishumi nanhlanu zesiliva, nangehomere lebhali, nangenxenye yehomere lebhali,	3:2 So I bought her to me for fifteen pieces of silver, and for an homer of barley, and an half homer of barley:
3:3 ngathi kuye: “Uyakuhlala kimi izinsuku eziningi, ungaphebi, ungabi ngowomunye, nami ngibe njalo kuwe.”	3:3 And I said unto her, Thou shalt abide for me many days; thou shalt not play the harlot, and thou shalt not be for another man: so will I also be for thee.
3:4 Ngokuba izinsuku eziningi abantwana bakwa-Israyeli bayakuhlala bengenankosi, bengenasikhulu, bengenamhlatshelo, bengenansika, bengenangubo yamahlombe namatherafi.	3:4 For the children of Israel shall abide many days without a king, and without a prince, and without a sacrifice, and without an image, and without an ephod, and without teraphim:
3:5 Ngasemuva abantwana bakwa-Israyeli bayakubuya, bamfune uJehova uNkulunkulu wabo noDavide inkosi yabo, babuyele kuJehova benovalo nakukho okuhle kwakhe ngezinsuku ezizayo.	3:5 Afterward shall the children of Israel return, and seek the Lord their God, and David their king; and shall fear the Lord and his goodness in the latter days.
<b>Hoseya 4</b>	<b>Hosea 4</b>
4:1 Yizwani izwi likaJehova nina bantwana bakwa-Israyeli, ngokuba uJehova unokuphikisana nabakhileyo ezweni, lokhu kungekho qiniso, namusa, nakumazi uNkulunkulu ezweni.	4:1 Hear the word of the Lord, ye children of Israel: for the Lord hath a controversy with the inhabitants of the land, because there is no truth, nor mercy, nor knowledge of God in the land.

ZULU	NEW INTERNATIONAL VERSION
4:2 “Kukhona ukufunga nokuqamba amanga, nokubulala, nokweba, nokuphinga; bayafohla, izingazi zilandele izingazi.	4:2 By swearing, and lying, and killing, and stealing, and committing adultery, they break out, and blood toucheth blood.
4:3 Ngalokho izwe liyakudabuka, bonke abakhe kulo badangale kanye nezilwane zasendle nezinyoni zezulu; yebo, nezinhlanzi zolwandle ziyakususwa.	4:3 Therefore shall the land mourn, and every one that dwelleth therein shall languish, with the beasts of the field, and with the fowls of heaven; yea, the fishes of the sea also shall be taken away.
4:4 “Makungabikho ophikisana nomunye, asole omunye; nokho abantu bakho bayakuphikisana nabapristi.	4:4 Yet let no man strive, nor reprove another: for thy people are as they that strive with the priest.
4:5 Mpristi, uyakukhubeka emini, kukhubeke umprofethi kanye nawe ebusuku; nonyoko ngiyakumbhubhisa.	4:5 Therefore shalt thou fall in the day, and the prophet also shall fall with thee in the night, and I will destroy thy mother.
4:6 Abantu bami babhujiswa ngokuswela ukwazi; ngokuba ukulahlile ukwazi nami ngiyakukulahla wena, ungabi ngumpristi wami; lokhu ukhohliwe umthetho kaNkulunkulu wakho nami ngiyakukhohlwa abantwana bakho.	4:6 My people are destroyed for lack of knowledge: because thou hast rejected knowledge, I will also reject thee, that thou shalt be no priest to me: seeing thou hast forgotten the law of thy God, I will also forget thy children.
4:7 Njengokwanda kwabo, kanjalo bona kimi; udumo lwabo ngiyakulwenana ngehlazo.	4:7 As they were increased, so they sinned against me: therefore will I change their glory into shame.
4:8 Badla izono zabantu bami, babhekisa umphefumulo wabo eubini babo.	4:8 They eat up the sin of my people, and they set their heart on their iniquity.
4:9 Kuyakuthi njengabantu abe njalo umpristi: ngiyakubahambela ngenxa yezindlela zabo, ngibuyisele kubo izenzo zabo.	4:9 And there shall be, like people, like priest: and I will punish them for their ways, and reward them their doings.
4:10 “Bayakudla, bangasuthi kodwa; bayakufeba, bangandi kodwa, ngokuba bayekile ukumnakekela uJehova.	4:10 For they shall eat, and not have enough: they shall commit whoredom, and shall not increase: because they have left off to take heed to the Lord.
4:11 Ubufebe newayini newayini elisha kususa umqondo.	4:11 Whoredom and wine and new wine take away the heart.
4:12 Abantu bami babuza emthini, induku yabo ibatshela, ngokuba umoya wobufebe ubadukisile, basuka phansi kukaNkulunkulu wabo ngokufeba.	4:12 My people ask counsel at their stocks, and their staff declareth unto them: for the spirit of whoredoms hath caused them to err, and they have gone a whoring from under their God.
4:13 Bayahlabela eziqongweni zezintaba, bashisa impepho emagqumeni, phansi kwama-oki nemipopula nemitherebinte, ngokuba umthunzi wakho muhle; kungalokho amadodakazi enu ayafeba, nawomakoti benu bayaphinga.	4:13 They sacrifice upon the tops of the mountains, and burn incense upon the hills, under oaks and poplars and elms, because the shadow thereof is good: therefore your daughters shall commit whoredom, and your spouses shall commit adultery.

ZULU	NEW INTERNATIONAL VERSION
4:14 “Angiyikuwajezisa amadodakazi enu, lapho efeba, nawomakoti benu lapho bephinga, ngokuba namadoda achezukela iziphingi, ahlaba kanye nezifebe zethempeli. Kanjalo abantu abangenangqondo bayakuwiswa.	4:14 I will not punish your daughters when they commit whoredom, nor your spouses when they commit adultery: for themselves are separated with whores, and they sacrifice with harlots: therefore the people that doth not understand shall fall.
4:15 “Noma wena Israyeli ufeba, uJuda makangazitholeli icala; ningayi eGiligali, ningenyukeli eBeti Aveni, ningafungi ngokuthi: ‘Kuphila kukaJehova.’	4:15 Though thou, Israel, play the harlot, yet let not Judah offend; and come not ye unto Gilgal, neither go ye up to Bethaven, nor swear, The Lord liveth.
4:16 Ngokuba u-Israyeli unenkani njengesithole; uJehova angabelusa njengemvana endaweni ebanzi na?	4:16 For Israel slideth back as a backsliding heifer: now the Lord will feed them as a lamb in a large place.
4:17 U-Efrayimi uhlangene nezithombe; myeke.	4:17 Ephraim is joined to idols: let him alone.
4:18 Ukuphuza kwabo sekuphelile; bayafeba nokufeba; izikhulu zabo zithandisisa ihlazo.	4:18 Their drink is sour: they have committed whoredom continually: her rulers with shame do love, Give ye.
4:19 Umoya ubasongile ngamaphiko awo; bayakujabha ngemihlatshelo yabo.	4:19 The wind hath bound her up in her wings, and they shall be ashamed because of their sacrifices.
<b>Hoseya 5</b>	<b>Hosea 5</b>
5:1 “Yizwani lokhu nina bapristi, nilalele nina ndlu ka-Israyeli, nibeke indlebe nina ndlu yenkosi, ngokuba ukwahlulela kukinina, lokhu nanilugibe eMispa nenetha elenekwe eThabori.	5:1 Hear ye this, O priests; and hearken, ye house of Israel; and give ye ear, O house of the king; for judgment is toward you, because ye have been a snare on Mizpah, and a net spread upon Tabor.
5:2 Abahlubuki bashone phansi ngokuhlaba kwabo, kepha ngingumlayi wabo bonke.	5:2 And the revoltors are profound to make slaughter, though I have been a rebuker of them all.
5:3 Ngiyamazi mina u-Efrayimi, u-Israyeli akafihlekile kimi, ngokuba manje, Efrayimi, ufebile, u-Israyeli uzingcolisile.	5:3 I know Ephraim, and Israel is not hid from me: for now, O Ephraim, thou committest whoredom, and Israel is defiled.
5:4 “Abenzi izenzo zokuba babuyele kuNkulunkulu, ngokuba umoya wobufebe uphakathi kwabo, noJehova abamazi.	5:4 They will not frame their doings to turn unto their God: for the spirit of whoredoms is in the midst of them, and they have not known the Lord.
5:5 Ukuzidla kuka-Israyeli kuyafakaza ebusweni bakhe; o-Israyeli no-Efrayimi bayakukhubeka ngobubi babo; naye uJuda uyakukhubeka kanye nabo.	5:5 And the pride of Israel doth testify to his face: therefore shall Israel and Ephraim fall in their iniquity: Judah also shall fall with them.
5:6 Bayakuhamba nezimvu zabo nezinkomo zabo ukuyofuna uJehova; kepha abayikumfumana; umonyukile kubo.	5:6 They shall go with their flocks and with their herds to seek the Lord; but they shall not find him; he hath withdrawn himself from them.

<b>ZULU</b>	<b>NEW INTERNATIONAL VERSION</b>
5:7 Bamkhohlisile uJehova, ngokuba bazalile abantwana abangabafokazi; manje inyanga eyethwasayo iyakubadla kanye nezabelo zabo.	5:7 They have dealt treacherously against the Lord: for they have begotten strange children: now shall a month devour them with their portions.
5:8 “Bethani umtshingo eGibeya necilongo eRama; hlabani umkhosi eBeti Aveni: basemva kwakho, Benjamini!	5:8 Blow ye the cornet in Gibeah, and the trumpet in Ramah: cry aloud at Bethaven, after thee, O Benjamin.
5:9 U-Efrayimi uyakuba yincithakalo ngosuku lokujeziswa, ngazisile izizwe zakwa-Israyeli okuqinisekileyo.	5:9 Ephraim shall be desolate in the day of rebuke: among the tribes of Israel have I made known that which shall surely be.
5:10 Izikhulu zakwaJuda zinjengabasusa imincele; ngiyakuthulula phezu kwazo intukuthelo yami njengamanzi.	5:10 The princes of Judah were like them that remove the bound: therefore I will pour out my wrath upon them like water.
5:11 U-Efrayimi ucindezelekile, uhotshoziwe ekwahlulelweni, ngokuba wavuma ukulandela umyalo oyize.	5:11 Ephraim is oppressed and broken in judgment, because he willingly walked after the commandment.
5:12 Mina-ke senginjengenundu ku-Efrayimi, nanjengokubola kuyo indlu yakwaJuda.	5:12 Therefore will I be unto Ephraim as a moth, and to the house of Judah as rottenness.
5:13 “Lapho u-Efrayimi abona isifo sakhe noJuda isilonda sakhe, u-Efrayimi waya e-Asiriya, wathumela enkosini uJarebi; kepha ingeniphulukise, ayinakusipholisa isilonda senu.	5:13 When Ephraim saw his sickness, and Judah saw his wound, then went Ephraim to the Assyrian, and sent to king Jareb: yet could he not heal you, nor cure you of your wound.
5:14 Ngokuba ngiyakuba njengengonyama ku-Efrayimi, nebhongo lengonyama kuyo indlu yakwaJuda; mina yebo, mina ngiyakudwengula, besengimuka; ngiyakususa, kungekho owophulayo.	5:14 For I will be unto Ephraim as a lion, and as a young lion to the house of Judah: I, even I, will tear and go away; I will take away, and none shall rescue him.
5:15 Ngiyakuhamba, ngibuyele endaweni yami, baze bazithwese icala labo, bafune ubuso bami; osizini lwabo bayakungifunisisa.”	5:15 I will go and return to my place, till they acknowledge their offence, and seek my face: in their affliction they will seek me early.
<b>Hoseya 6</b>	<b>Hosea 6</b>
6:1 “Wozani sibuyele kuJehova, ngokuba yena usidwengulile; uyakusiphulukisa; usishayile, uyakusibopha.	6:1 Come, and let us return unto the Lord: for he hath torn, and he will heal us; he hath smitten, and he will bind us up.
6:2 Uyakusiphilisa ngezinsuku ezimbili, asivuse ngosuku lwesithathu, siphile phambi kwakhe.	6:2 After two days will he revive us: in the third day he will raise us up, and we shall live in his sight.
6:3 Masimazi, sijonge ukumazi uJehova; ukuphuma kwakhe kuqinisekile njengokusa; uyakufika kithi njengemvula, njengemvula yamuva enethisa umhlaba.	6:3 Then shall we know, if we follow on to know the Lord: his going forth is prepared as the morning; and he shall come unto us as the rain, as the latter and former rain unto the earth.

ZULU	NEW INTERNATIONAL VERSION
6:4 “Ngiyakwenzani kuwe Efrayimi, ngiyakwenzani kuwe Juda, na? Uthando lwenu lunjengefu lokusa nanjengamazolo amuka ekuseni.	6:4 O Ephraim, what shall I do unto thee? O Judah, what shall I do unto thee? for your goodness is as a morning cloud, and as the early dew it goeth away.
6:5 Ngalokho ngiyabashaya ngabaprofethi, ngibabulale ngamazwi omlomo wami, ukwahlulelwa kwakho kuqhame ekukhanyeni.	6:5 Therefore have I hewed them by the prophets; I have slain them by the words of my mouth: and thy judgments are as the light that goeth forth.
6:6 Ngokuba ngifuna uthando, hhayi umhlatshele; ngifuma ukumazi uNkulunkulu kuneminikelo yokushiswa.	6:6 For I desired mercy, and not sacrifice; and the knowledge of God more than burnt offerings.
6:7 Kepha baseqile isivumelwano njengo-Adamu; bangikhohlisa ngalokho.	6:7 But they like men have transgressed the covenant: there have they dealt treacherously against me.
6:8 IGileyadi lingumuzi wabenza okubi, linemikhondo yegazi.	6:8 Gilead is a city of them that work iniquity, and is polluted with blood.
6:9 Njengabaphangi beqamekela umuntu, isigaba sabapristi siyabulala endleleni eya eShekemi, yebo, benza okunengekayo.	6:9 And as troops of robbers wait for a man, so the company of priests murder in the way by consent: for they commit lewdness.
6:10 Endlini yakwa-Israyeli ngibonile into eyesabekayo: kukhona ubufebe kwa-Efrayimi, u-Israyeli ungcolile.	6:10 I have seen an horrible thing in the house of Israel: there is the whoredom of Ephraim, Israel is defiled.
6:11 “Nawe Juda ulungiselwe ukuvunwa, lapho ngibuyisa ukuthunjwa kwabantu bami.	6:11 Also, O Judah, he hath set an harvest for thee, when I returned the captivity of my people.
<b>Hoseya 7</b>	<b>Hosea 7</b>
7:1 “Lapho bengiyakumphulukisa u-Israyeli, bambulelwa ububi buka-Efrayimi nokubi kweSamariya, ngokuba benza inkohliso, amasela ayafohla, nabaphangi baphanga ngaphandle.	7:1 When I would have healed Israel, then the iniquity of Ephraim was discovered, and the wickedness of Samaria: for they commit falsehood; and the thief cometh in, and the troop of robbers spoileth without.
7:2 Abacabangi ezinhliziyweni zabo ukuthi ngiyakhumbula konke okubi kwabo; sebezungeziwe yizenzo zabo, ziphambi kobuso bami.	7:2 And they consider not in their hearts that I remember all their wickedness: now their own doings have beset them about; they are before my face.
7:3 “Ngobubi babo bayathokozisa inkosi, nezikhulu ngamanga abo.	7:3 They make the king glad with their wickedness, and the princes with their lies.
7:4 Bayiziphingi bonke; banjengeziko elishiswa ngumpheki sinkwa oyeka ukukhwezela kusukela ekuxovweni kwenhlama kuze kube sekubileni kwayo.	7:4 They are all adulterers, as an oven heated by the baker, who ceaseth from raising after he hath kneaded the dough, until it be leavened.

ZULU	NEW INTERNATIONAL VERSION
7:5 Ngosuku lwenkosi yethu izikhulu zazigulisa ngokushisa kwewayini; yona yayiselulela izideleli isandla.	7:5 In the day of our king the princes have made him sick with bottles of wine; he stretched out his hand with scorners.
7:6 Lapho sebeshisile izinhliziyi zabo ngamacebo zibe njengeziko, umphekisinkwa wabo ulala ubusuku bonke; ekuseni liyavutha njengomlilo wamalangabi.	7:6 For they have made ready their heart like an oven, while they lie in wait: their baker sleepeth all the night; in the morning it burneth as a flaming fire.
7:7 Bonke bashisa njengeziko, badla abahluleli babo; onke amakhosi abo ayawa, kungekho phakathi kwabo ongibizayo.	7:7 They are all hot as an oven, and have devoured their judges; all their kings are fallen: there is none among them that calleth unto me.
7:8 “U-Efrayimi uyazihlanganisa nabanye abantu: u-Efrayimi uyiqebelengwane elingaphendulwanga.	7:8 Ephraim, he hath mixed himself among the people; Ephraim is a cake not turned.
7:9 Abafokazi badlile amandla akhe, kepha yena akazi; izimvi zikhahlele kuye, kepha yena akazi.	7:9 Strangers have devoured his strength, and he knoweth it not: yea, gray hairs are here and there upon him, yet he knoweth not.
7:10 Ukuzidla kuka-Israyeli kuyafakaza ebusweni bakhe, nokho ababuyelanga kuJehova uNkulunkulu wabo, abamfunanga kukho konke lokhu.	7:10 And the pride of Israel testifieth to his face: and they do not return to the Lord their God, nor seek him for all this.
7:11 “U-Efrayimi unjengejuba elidukiswayo lingenangqondo; bayabiza iGibithe, baya e-Asiriya.	7:11 Ephraim also is like a silly dove without heart: they call to Egypt, they go to Assyria.
7:12 Lapho sebehamba, ngiyabenekela inetha lami, ngibehlise njengezinyoni zezulu, ngibajezise njengokuzwakeleyo ebandleni labo.	7:12 When they shall go, I will spread my net upon them; I will bring them down as the fowls of the heaven; I will chastise them, as their congregation hath heard.
7:13 Maye kubo, ngokuba bangibalekele! Makube ngokuchithwa kubo, ngokuba baphambukile kimi! Bengiyakubahlenga mina labo abakhulume amanga ngami na?	7:13 Woe unto them! for they have fled from me: destruction unto them! because they have transgressed against me: though I have redeemed them, yet they have spoken lies against me.
7:14 Abakhalanga kimi ngezinhliziyi zabo, kepha bahhewula emibhedeni yabo; banovalo ngamabele abo nangewayini labo, kepha mina bayangihlubuka.	7:14 And they have not cried unto me with their heart, when they howled upon their beds: they assemble themselves for corn and wine, and they rebel against me.
7:15 Mina-ke ngafundisa, ngaqinisa izingalo zabo, nokho baceba okubi ngami.	7:15 Though I have bound and strengthened their arms, yet do they imagine mischief against me.
7:16 Bayabuyela, kepha hhayi kongaPhezulu, bafana nomnsalo ogejayo; izikhulu ziyakuwa ngenkamba ngenxa yolaka lolimi lwabo. Lokhu kuyakuba yinhlekiso yabo ezweni laseGibithe.	7:16 They return, but not to the most High: they are like a deceitful bow: their princes shall fall by the sword for the rage of their tongue: this shall be their derision in the land of Egypt.

ZULU	NEW INTERNATIONAL VERSION
<b>Hoseya 8</b>	<b>Hosea 8</b>
8:1 “Beka icilongo emlonyeni wakho; onjengokhozi wehlela indlu kaJehova; ngokuba beqile isivumelwano sami, baphambuka emthethweni wami.	8:1 Set the trumpet to thy mouth. He shall come as an eagle against the house of the Lord, because they have transgressed my covenant, and trespassed against my law.
8:2 Bakhala kimi ngokuthi: ‘Nkulunkulu wethu, thina Israyeli siyakwazi.’	8:2 Israel shall cry unto me, My God, we know thee.
8:3 U-Israyeli ukulahlile okuhle; isitha siyakumxosha.	8:3 Israel hath cast off the thing that is good: the enemy shall pursue him.
8:4 Bona bazibekela amakhosi engavelanga kimi; bamisa izikhulu, ngingazi; isiliva labo negolide labo bakwenza kwaba yizithombe zabo, ukuze banqunywe.	8:4 They have set up kings, but not by me: they have made princes, and I knew it not: of their silver and their gold have they made them idols, that they may be cut off.
8:5 Ithole lakho, Samariya, linengekile; intukuthelo yami iyabavuthela; koze kube nini bengakwazi ukuba msulwa na?	8:5 Thy calf, O Samaria, hath cast thee off; mine anger is kindled against them: how long will it be ere they attain to innocency?
8:6 Ngokuba livela ku-Israyeli; umkhandi walenza, alisiye uNkulunkulu; yebo, ithole laseSamariya liyakuba yizihlephu.	8:6 For from Israel was it also: the workman made it; therefore it is not God: but the calf of Samaria shall be broken in pieces.
8:7 “Ngokuba bahlwanyele umoya, bayakuvuna isivunguvungu; izele alinahlumela, alivezi impuphu; uma liyiveza, iyakuqedwa ngabafokazi.	8:7 For they have sown the wind, and they shall reap the whirlwind: it hath no stalk; the bud shall yield no meal: if so be it yield, the strangers shall swallow it up.
8:8 U-Israyeli uyagwinywa; manje sebephakathi kwabezizwe njengesitsha okungekho intokozo kuso.	8:8 Israel is swallowed up: now shall they be among the Gentiles as a vessel wherein is no pleasure.
8:9 Ngokuba benyukele e-Asiriya bezihambe njengezimbongolo zasendle; u-Efrayimi uyaqasha ngenkokhelo yothando.	8:9 For they are gone up to Assyria, a wild ass alone by himself: Ephraim hath hired lovers.
8:10 Noma beqasha phakathi kwabezizwe, manje sengiyakubabutha, bakhululwe kancane emthwalweni wenkosi yezikhulu.	8:10 Yea, though they have hired among the nations, now will I gather them, and they shall sorrow a little for the burden of the king of princes.
8:11 “Ngokuba u-Efrayimi wandisile ama-altare aba ngukona; ama-altare ayakuba ngukona kuye.	8:11 Because Ephraim hath made many altars to sin, altars shall be unto him to sin.
8:12 Noma ngimlobela imithetho yami kaningi, iyashaywa okungaziwayo.	8:12 I have written to him the great things of my law, but they were counted as a strange thing.
8:13 Imihlatshelo yeminikelo yami bayihlaba, bayidle inyama, kepha uJehova akayenameli. Useyakhumbula ububi babo, abahambe ngezono zabo, babuyele eGibithe.	8:13 They sacrifice flesh for the sacrifices of mine offerings, and eat it; but the Lord accepteth them not; now will he remember their iniquity, and visit their sins: they shall return to Egypt.

ZULU	NEW INTERNATIONAL VERSION
8:14 Ngokuba u-Israyeli ukhohliwe uMdali wakhe, wakha izindlu zamakhosi, noJuda wandisile imizi ebiyelweyo, ngiyakuthuma umlilo emizini yakhe, uqede izindlu zayo zobukhosi.”	8:14 For Israel hath forgotten his Maker, and buildeth temples; and Judah hath multiplied fenced cities: but I will send a fire upon his cities, and it shall devour the palaces thereof.
<b>Hoseya 9</b>	<b>Hosea 9</b>
9:1 Ungajabuli, Israyeli, kube ngukuthokoza njengokwabezizwe, ngokuba umukile kuNkulunkulu wakho ngokufeba, wathanda inkokhelo kuzo zonke izibuya zamabele.	9:1 Rejoice not, O Israel, for joy, as other people: for thou hast gone a whoring from thy God, thou hast loved a reward upon every cornfloor.
9:2 Isibuya nesikhamo sewayini akuyikubafunza, iwayini elisha liyakumkhohlisa.	9:2 The floor and the winepress shall not feed them, and the new wine shall fail in her.
9:3 Abayikuhlala ezweni likaJehova; u-Efrayimi uyakubuyela eGibithe, nase-Asiriya bayakudla okungcolileyo.	9:3 They shall not dwell in the Lord's land; but Ephraim shall return to Egypt, and they shall eat unclean things in Assyria.
9:4 Abayikuthululela uJehova iwayini; imihlatshelo yabo ayiyikuba mihle kuye, isinkwa sabo sibe njengesinkwa sabalilayo; bonke abasidlayo bayakungcola, ngokuba isinkwa sabo siyakuba ngesephango, singangeni endlini kaJehova.	9:4 They shall not offer wine offerings to the Lord, neither shall they be pleasing unto him: their sacrifices shall be unto them as the bread of mourners; all that eat thereof shall be polluted: for their bread for their soul shall not come into the house of the Lord.
9:5 Niyakwenze njani ngosuku lomhlangano nangosuku lomkhosi kaJehova na?	9:5 What will ye do in the solemn day, and in the day of the feast of the Lord?
9:6 Bhekani, ngokuba bemukile ekuchithweni iGibithe liyakubabutha, iMofi libembele; izinto zabo zamagugu zesiliva ziyakudliwa yizimbabazane, kube ngameva ematendeni abo.	9:6 For, lo, they are gone because of destruction: Egypt shall gather them up, Memphis shall bury them: the pleasant places for their silver, nettles shall possess them: thorns shall be in their tabernacles.
9:7 Ziyafika izinsuku zokuhanjelwa, izinsuku zempindiselo zisondele; u-Israyeli uyakukwazi. Umprofethi uyakuba njengesiwula, umuntu onomoya ahlanye ngenxa yobuningi bobubi bakho nangobutha obukhulu;	9:7 The days of visitation are come, the days of recompence are come; Israel shall know it: the prophet is a fool, the spiritual man is mad, for the multitude of thine iniquity, and the great hatred.
9:8 umprofethi engumlindi ka-Efrayimi kanye noNkulunkulu wami, ugibe lomthiyi wezinyoni lukuzo zonke izindlela zakhe, nobutha busendlini kaNkulunkulu wakhe.	9:8 The watchman of Ephraim was with my God: but the prophet is a snare of a fowler in all his ways, and hatred in the house of his God.
9:9 Bazonakalisile ngokujulileyo njengasezinsukwini zaseGibeya; uyakhumbula ububi babo, uyabahambela ngezono zabo.	9:9 They have deeply corrupted themselves, as in the days of Gibeah: therefore he will remember their iniquity, he will visit their sins.

ZULU	NEW INTERNATIONAL VERSION
9:10 “Ngamfumana u-Israyeli njengezithelo zomvini ehlane, ngabona oyihlo njengolibo emkhiwaneni ngesikhathi sawo sokuqala. Kepha bafika eBali Peyori, bazahlukanisela okunezinhloni, baba yizinengiso njengalokho abakuthandayo.	9:10 I found Israel like grapes in the wilderness; I saw your fathers as the firstripe in the fig tree at her first time: but they went to Baalpeor, and separated themselves unto that shame; and their abominations were according as they loved.
9:11 Udumo luka-Efrayimi luyakundiza, lumuke njengenyoni, kungabikho ukuzala, nonesisu, nokukhulelwa.	9:11 As for Ephraim, their glory shall fly away like a bird, from the birth, and from the womb, and from the conception.
9:12 Noma bekhulisa abantwana babo, nokho ngiyakubaphuca bona kungasali muntu; yebo, maye kubo, lapho ngimuka kubo!	9:12 Though they bring up their children, yet will I bereave them, that there shall not be a man left: yea, woe also to them when I depart from them!
9:13 U-Efrayimi, njengalokho ngibone eTire, utshalwe endaweni emnandi, kepha u-Efrayimi uyakukhiphela umbulali abantwana bakhe.	9:13 Ephraim, as I saw Tyrus, is planted in a pleasant place: but Ephraim shall bring forth his children to the murderer.
9:14 “Banike, Jehova uyakunikani? Banike isisu esiphuphumayo namabele omileyo.	9:14 Give them, O Lord: what wilt thou give? give them a miscarrying womb and dry breasts.
9:15 “Bonke ububi babo buseGiligali; ngalokho ngabazonda khona; ngenxa yobubi bezenzo zabo ngiyakubaxosha endlini yami, angisayikubathanda; zonke izikhulu zabo zingabahlubuki.	9:15 All their wickedness is in Gilgal: for there I hated them: for the wickedness of their doings I will drive them out of mine house, I will love them no more: all their princes are revolvers.
9:16 U-Efrayimi ushayiwe, impande yabo yomile, abayikuthela izithelo. Noma bezala, ngiyakubulala okuthandekayo kwesisu sabo.”	9:16 Ephraim is smitten, their root is dried up, they shall bear no fruit: yea, though they bring forth, yet will I slay even the beloved fruit of their womb.
9:17 UNkulunkulu wami uyakubalahla, ngokuba abamlalelanga, babe ngabazulazulayo phakathi kwabezizwe.	9:17 My God will cast them away, because they did not hearken unto him: and they shall be wanderers among the nations.
<b>Hoseya 10</b>	<b>Hosea 10</b>
10:1 U-Israyeli wayengumvini owenabileyo, ngokobuningi bezithelo zakhe wandisa ama-altare akhe; ngokobuhle bezwe lakhe wenza izinsuku ezinhle.	10:1 Israel is an empty vine, he bringeth forth fruit unto himself: according to the multitude of his fruit he hath increased the altars; according to the goodness of his land they have made goodly images.
10:2 Inhliziyo yabo yayahlukene; uyakuwaphula ama-altare abo, achithe izinsika zabo.	10:2 Their heart is divided; now shall they be found faulty: he shall break down their altars, he shall spoil their images.
10:3 Yebo, manje bayakuthi: “Asinankosi, ngokuba asimesabanga uJehova; kepha inkosi ingasenzelani na?”	10:3 For now they shall say, We have no king, because we feared not the Lord; what then should a king do to us?

ZULU	NEW INTERNATIONAL VERSION
10:4 Bakhuluma amazwi nje, befunga amanga, benza isivumelwano; bese kumila ukwahlulela njengenhlungunyembe emiseleni yamasimu.	10:4 They have spoken words, swearing falsely in making a covenant: thus judgment springeth up as hemlock in the furrows of the field.
10:5 Abakhileyo eSamariya bayakuba novalo ngenxa yamathole aseBeti Aveni, ngokuba abantu balo bayakulila ngawo, abapristi bezithombe bakhale ngawo ngenxa yodumo lwawo ukuthi lumukile kuwo.	10:5 The inhabitants of Samaria shall fear because of the calves of Bethaven: for the people thereof shall mourn over it, and the priests thereof that rejoiced on it, for the glory thereof, because it is departed from it.
10:6 Iyakyiswa e-Asiriya ibe yisipho kuyo inkosi uJarebi; u-Efrayimi uyakwamukela ihlazo, u-Israyeli ajabhe ngeziluleko zakhe.	10:6 It shall be also carried unto Assyria for a present to king Jareb: Ephraim shall receive shame, and Israel shall be ashamed of his own counsel.
10:7 Inyamalele inkosi yaseSamariya njengebazelo ebusweni bamanzi.	10:7 As for Samaria, her king is cut off as the foam upon the water.
10:8 Izindawo eziphakemeyo zase-Aveni, isono sakwa-Israyeli, ziyakuchithwa; ameva namakhakhasi ayakukhuphukela ema-altare abo; bayakuthi kuzo izintaba: “Sisibekeleni,” nakuwo amagquma: “Welani phezu kwethu.”	10:8 The high places also of Aven, the sin of Israel, shall be destroyed: the thorn and the thistle shall come up on their altars; and they shall say to the mountains, Cover us; and to the hills, Fall on us.
10:9 “Kwasezinsukwini zaseGibeya wonile, Israyeli; bema khona; impi nabo abobubi ayiyikubafica eGibeya na?”	10:9 O Israel, thou hast sinned from the days of Gibeah: there they stood: the battle in Gibeah against the children of iniquity did not overtake them.
10:10 Lapho ngithanda, ngiyabajezisa; abantu babahlanganyele ekubabopheleni ebubini obubili.	10:10 It is in my desire that I should chastise them; and the people shall be gathered against them, when they shall bind themselves in their two furrows.
10:11 U-Efrayimi uyisithole esifundisiweyo, esithanda ukubhula amabele; kepha mina ngiyekile intamo yaso enhle; sengiyakumbophela u-Efrayimi, uJuda alime, uJakobe azidubele.	10:11 And Ephraim is as an heifer that is taught, and loveth to tread out the corn; but I passed over upon her fair neck: I will make Ephraim to ride; Judah shall plow, and Jacob shall break his clods.
10:12 Zihlwanyeleleni ngokulunga, niyakuvuna ngomusa; qathani umqatho wenu; sekuyisikhathi sokumfuna uJehova, aze afike, anise ukulunga phezu kwenu.	10:12 Sow to yourselves in righteousness, reap in mercy; break up your fallow ground: for it is time to seek the Lord, till he come and rain righteousness upon you.
10:13 Nilime ububi, navuna okubi; nidlile izithelo zamanga, ngokuba nethemba endleleni yenu nakubo ubuningi bamaqhawe enu.	10:13 Ye have plowed wickedness, ye have reaped iniquity; ye have eaten the fruit of lies: because thou didst trust in thy way, in the multitude of thy mighty men.

ZULU	NEW INTERNATIONAL VERSION
10:14 Kuyakuvela ukuxokozela phakathi kwabantu bakho, zichithwe zonke izinqaba zakho, njengalokho uShalmani achitha iBeti Aribeli ngosuku lokulwa, unina echotshozwa phezu kwabantwana.	10:14 Therefore shall a tumult arise among thy people, and all thy fortresses shall be spoiled, as Shalman spoiled Betharbel in the day of battle: the mother was dashed in pieces upon her children.
10:15 Kanjalo iBethele liyakwenza kini ngenxa yobubi benu obukhulu; ekuseni inkosi yakwa-Israyeli iyakunqunywa nokunqunywa.	10:15 So shall Bethel do unto you because of your great wickedness: in a morning shall the king of Israel utterly be cut off.
<b>Hoseya 11</b>	<b>Hosea 11</b>
11:1 “Lapho u-Israyeli esengumntwana ngamthanda, ngayibiza indodana yami iphume eGibithe.	11:1 When Israel was a child, then I loved him, and called my son out of Egypt.
11:2 Lapho bebabiza, kwaba yilokhu besuka kubo; babahlabela oBali, bashisela izithombe ezibaziweyo impepho.	11:2 As they called them, so they went from them: they sacrificed unto Baalim, and burned incense to graven images.
11:3 Nokho mina ngamcathulisa u-Efrayimi; ngabaphatha ngezingalo zami, kepha abazanga ukuthi ngabaphulukisa.	11:3 I taught Ephraim also to go, taking them by their arms; but they knew not that I healed them.
11:4 Ngabadonsa ngezintambo zomuntu, ngamagoda othando; ngaba kubo njengophakamisa ijoka entanyeni yabo, ngagobela kubo, ngabanika ukudla.	11:4 I drew them with cords of a man, with bands of love: and I was to them as they that take off the yoke on their jaws, and I laid meat unto them.
11:5 “Abayikubuyela ezweni laseGibithe, owase-Asiriya abe yinkosi yabo, ngokuba benqaba ukubuya, na?	11:5 He shall not return into the land of Egypt, and the Assyrian shall be his king, because they refused to return.
11:6 Inkemba iyakutheleka emizini yabo, iqede imigoqo yayo, ibadle ngenxa yeziluleko zabo.	11:6 And the sword shall abide on his cities, and shall consume his branches, and devour them, because of their own counsels.
11:7 Abantu bami bahlose ukuhlehla kimi; noma bebabizela kongaPhezulu kangakanani, akakho oziphakamisayo.	11:7 And my people are bent to backsliding from me: though they called them to the most High, none at all would exalt him.
11:8 “Ngingakunikela kanjani, Efrayimi, ngikukhaphela, Israyeli, na? Ngingakwenza kanjani ube njenge-Adima, ngikubeke ufane neSeboyimi, na? Inhliziyo iyaphenduka phakathi kwami, sonke isihawu sami sivusiwe.	11:8 How shall I give thee up, Ephraim? how shall I deliver thee, Israel? how shall I make thee as Admah? how shall I set thee as Zeboim? mine heart is turned within me, my repentings are kindled together.
11:9 Angiyikwenza ukufutheka kwentukuthelo yami, ngingabuyeli ukumchitha u-Efrayimi, ngokuba nginguNkulunkulu, angisiye umuntu; ngingoNgcwele phakathi kwenu, angiyikufika ngolaka.	11:9 I will not execute the fierceness of mine anger, I will not return to destroy Ephraim: for I am God, and not man; the Holy One in the midst of thee: and I will not enter into the city.

ZULU	NEW INTERNATIONAL VERSION
11:10 Bayakulandela uJehova oyakubhonga njengengonyama, ngokuba uyakubhonga, abantwana bakhe bavele entshonalanga ngokuthuthumela.	11:10 They shall walk after the Lord: he shall roar like a lion: when he shall roar, then the children shall tremble from the west.
11:11 Bayakuvela ngokuthuthumela eGibithe njengezinyoni, nanjengejuba ezweni lase-Asiriya, ngibahlalise ezindlini zabo,” usho uJehova.	11:11 They shall tremble as a bird out of Egypt, and as a dove out of the land of Assyria: and I will place them in their houses, saith the Lord.
11:12 U-Efrayimi ungizungezile ngamanga, nendlu yakwa-Israyeli ngenkohliso; uJuda usazulazula kuNkulunkulu nakoNgcwele othembekileyo.	11:12 Ephraim compasseth me about with lies, and the house of Israel with deceit: but Judah yet ruleth with God, and is faithful with the saints.
<b>Hoseya 12</b>	<b>Hosea 12</b>
12:1 U-Efrayimi uyadla umoya, ulandela umoya wasempumalanga; uyandisa imihla yonke amanga nencithakalo; benza isivumelwano ne-Asiriya, namafutha ayiswa eGibithe.	12:1 Ephraim feedeth on wind, and followeth after the east wind: he daily increaseth lies and desolation; and they do make a covenant with the Assyrians, and oil is carried into Egypt.
12:2 UJehova unokuphikisana noJuda futhi; uyakuhambela uJakobe ngenxa yezindlela zakhe, ambuyisele ngokwezenzo zakhe.	12:2 The Lord hath also a controversy with Judah, and will punish Jacob according to his ways; according to his doings will he recompense him.
12:3 Esiswini wabamba umfowabo ngesithende, nasebudodeni bakhe walwa noNkulunkulu;	12:3 He took his brother by the heel in the womb, and by his strength he had power with God:
12:4 walwa nengelosi, wanqoba; wakhala, wanxusa kuyo; yamfumana eBethele, yakhuluma naye lapho.	12:4 Yea, he had power over the angel, and prevailed: he wept, and made supplication unto him: he found him in Bethel, and there he spake with us;
12:5 NguJehova uNkulunkulu Sebawoti, nguJehova igama lakhe lodumo.	12:5 Even the Lord God of hosts; the Lord is his memorial.
12:6 Ngalokho buyela wena kuNkulunkulu wakho, ugcine umusa nokulunga, ulindele uNkulunkulu wakho njalonjalo.	12:6 Therefore turn thou to thy God: keep mercy and judgment and wait on thy God continually.
12:7 IKhanani linesilinganiso esikhohlisayo esandleni salo, lithanda ukukhahlameza.	12:7 He is a merchant, the balances of deceit are in his hand: he loveth to oppress.
12:8 U-Efrayimi uthi: “Impela ngicebile, ngithole imfuyo; kukho konke ukuzuza kwami abayikufumana bubu obuyisono.”	12:8 And Ephraim said, Yet I am become rich, I have found me out substance: in all my labours they shall find none iniquity in me that were sin.
12:9 “Kepha mina nginguJehova uNkulunkulu wakho kwasezweni laseGibithe; ngisezakukuhlalisa ematendeni njengasezinsukwini zemikhosi emisiweyo.	12:9 And I that am the Lord thy God from the land of Egypt will yet make thee to dwell in tabernacles, as in the days of the solemn feast.

ZULU	NEW INTERNATIONAL VERSION
12:10 Ngikhulumile kubaprofethi, ngandisile imibono, ngifanekisile ngesandla sabaprofethi.”	12:10 I have also spoken by the prophets, and I have multiplied visions, and used similitudes, by the ministry of the prophets.
12:11 Uma iGileyadi linobubi, impela bayakuba ngabachithiwe; uma behlabela izinkunzi eGiligali, ama-altare abo ayakuba njengezinqwaba ngasemiseleni yamasimu.	12:11 Is there iniquity in Gilead? surely they are vanity: they sacrifice bullocks in Gilgal; yea, their altars are as heaps in the furrows of the fields.
12:12 UJakobe wabalekela ezweni lase-Aramu, u-Israyeli wakhonzela umfazi, walusa umhlambi ngenxa yomfazi.	12:12 And Jacob fled into the country of Syria, and Israel served for a wife, and for a wife he kept sheep.
12:13 UJehova wakhuphula u-Israyeli eGibithe ngomprofethi, wagcinwa ngomprofethi.	12:13 And by a prophet the Lord brought Israel out of Egypt, and by a prophet was he preserved.
12:14 U-Efrayimi ucunulile ngokubabisayo; icala lakhe legazi liyakuphonswa phezu kwakhe; iNkosi yakhe ibuyisele kuye ihlazo lakhe.	12:14 Ephraim provoked him to anger most bitterly: therefore shall he leave his blood upon him, and his reproach shall his Lord return unto him.
<b>Hoseya 13</b>	<b>Hosea 13</b>
13:1 Lapho u-Efrayimi ekhuluma, kwavela ukuthuthumela; wayephakeme kwa-Israyeli, kepha wazitholela icala ngoBali, wafa.	13:1 When Ephraim spake trembling, he exalted himself in Israel; but when he offended in Baal, he died.
13:2 Manje benezela ekoneni, bazenzele imifanekiso ebunjiweyo ngesiliva labo nezithombe ngokuqonda kwabo, zonke ziyimisebenzi yezinyanga; bakhuluma ngabo, bathi: “Bahlababantu, kepha banga amathole.”	13:2 And now they sin more and more, and have made them molten images of their silver, and idols according to their own understanding, all of it the work of the craftsmen: they say of them, Let the men that sacrifice kiss the calves.
13:3 Ngalokho bayakuba njengamafu okusa, nanjengamazolo amuka ekuseni, nanjengamakhoba aphephethwa esibuyeni nomusi ophuma ngefasitele.	13:3 Therefore they shall be as the morning cloud and as the early dew that passeth away, as the chaff that is driven with the whirlwind out of the floor, and as the smoke out of the chimney.
13:4 “Nokho nginguJehova uNkulunkulu wakho kwasezweni laseGibithe; ngaphandle kwami awazi Nkulunkulu, nomsindisi akakho ngaphandle kwami.	13:4 Yet I am the Lord thy God from the land of Egypt, and thou shalt know no god but me: for there is no saviour beside me.
13:5 Mina ngakwazi ehlane ezweni lokoma.	13:5 I did know thee in the wilderness, in the land of great drought.
13:6 Basutha njengamadlelo abo; basutha, nenhliziyo yabo yaphakama; ngalokho bangikhohliwe.	13:6 According to their pasture, so were they filled; they were filled, and their heart was exalted; therefore have they forgotten me.
13:7 Ngase ngiba njengengonyama kubo, ngiqamekela endleleni njengengwe.	13:7 Therefore I will be unto them as a lion: as a leopard by the way will I observe them:

ZULU	NEW INTERNATIONAL VERSION
13:8 Ngitheleka phezu kwabo njengebhere elaphuciwe amawundlu alo, ngidwengula ubhedu lwenhliziyo, ngibadle njengengonyamakazi, isilwane sasendle sibaqaqe.	13:8 I will meet them as a bear that is bereaved of her whelps, and will rend the caul of their heart, and there will I devour them like a lion: the wild beast shall tear them.
13:9 “Ngukuchithwa kwakho, Israyeli, ngokuba uphambene nami, usizo lwakho.	13:9 O Israel, thou hast destroyed thyself; but in me is thine help.
13:10 Iphi inkosi yakho manje ukuba ikusindise emizini yakho yonke; nabahluleli bakho, wena owathi: ‘Ngiphe inkosi nezikhulu?’	13:10 I will be thy king: where is any other that may save thee in all thy cities? and thy judges of whom thou saidst, Give me a king and princes?
13:11 Ngikunike inkosi ngentukuthelo yami, ngayisusa ngolaka lwami.	13:11 I gave thee a king in mine anger, and took him away in my wrath.
13:12 Ububi buka-Efrayimi buboshiwe, isono sakhe sibekelwe.	13:12 The iniquity of Ephraim is bound up; his sin is hid.
13:13 Imihelo yobelethayo iyakumehlela; uyindodana engahlakaniphile, ngokuba kuyisikhathi sokuba angemi lapho kuqhamuka abantwana.	13:13 The sorrows of a travailing woman shall come upon him: he is an unwise son; for he should not stay long in the place of the breaking forth of children.
13:14 “Ngiyakubahlenga esandleni sendawo yabafileyo, ngibahlawulele ekufeni; ziphi izifo zakho, kufa, kuphi ukuchitha kwakho, ndawo yabafileyo, na? Ukuguquka kufihlekile emehlweni ami.	13:14 I will ransom them from the power of the grave; I will redeem them from death: O death, I will be thy plagues; O grave, I will be thy destruction: repentance shall be hid from mine eyes.
13:15 “Noma enezithelo phakathi kwabafowabo, kuyakufika umoya wasempumalanga, umoya kaJehova ovela ehlane; besewujabha umthombo, isiphethu sishe; uyakuphanga ingcebo yakhe, zonke izinto ezinxanelekayo.	13:15 Though he be fruitful among his brethren, an east wind shall come, the wind of the Lord shall come up from the wilderness, and his spring shall become dry, and his fountain shall be dried up: he shall spoil the treasure of all pleasant vessels.
13:16 ISamariya liyakuthwala icala lalo, ngokuba lihlubukile uNkulunkulu walo; bayakuwa ngenkamba, izingane zabo zichotshozwe, abakhulelweyo babo baqaqwe.”	13:16 Samaria shall become desolate; for she hath rebelled against her God: they shall fall by the sword: their infants shall be dashed in pieces, and their women with child shall be ripped up.
<b>Hoseya 14</b>	<b>Hosea 14</b>
14:1 Buyela kuJehova uNkulunkulu wakho, Israyeli, ngokuba ukhubekile ngobubi bakho.	14:1 O israel, return unto the Lord thy God; for thou hast fallen by thine iniquity.
14:2 Thabathani amazwi, nibuyele kuJehova, nithi kuye: “Susa konke okubi, wamukele okuhle, sinikele ngemilomo yethu njengangezinkunzi.	14:2 Take with you words, and turn to the Lord: say unto him, Take away all iniquity, and receive us graciously: so will we render the calves of our lips.

ZULU	NEW INTERNATIONAL VERSION
14:3 I-Asiriya aliyikuisindisa, asisayikukhwela amahhashi, singasasho kuyo imisebenzi yezandla zethu ukuthi ngonkulunkulu bethu, ngokuba intandane iphiwa umusa kuwe.”	14:3 Asshur shall not save us; we will not ride upon horses: neither will we say any more to the work of our hands, Ye are our gods: for in thee the fatherless findeth mercy.
14:4 “Ngiyakuphulukisa ukuhlehla kwabo, ngibathande ngesihle, ngokuba intukuthelo yami ibuyile kubo.	14:4 I will heal their backsliding, I will love them freely: for mine anger is turned away from him.
14:5 Ngiyakuba njengamazolo ku-Israyeli; uyakuhahlela njengomnduze, enabise izimpande zakhe njengeLebanoni.	14:5 I will be as the dew unto Israel: he shall grow as the lily, and cast forth his roots as Lebanon.
14:6 Imixhantela yakhe iyakuxhantela, ubuhle bakhe bube njengomnqumo, iphunga lakhe libe njengeLebanoni.	14:6 His branches shall spread, and his beauty shall be as the olive tree, and his smell as Lebanon.
14:7 Bayakubuya, bahlale emthunzini wakhe, babuye baphile njengamabele, bakhahlele njengomvini, igama lakhe lodumo libe njengomvini waseLebanoni.	14:7 They that dwell under his shadow shall return; they shall revive as the corn, and grow as the vine: the scent thereof shall be as the wine of Lebanon.
14:8 Efrayimi, ngisenendabani nezithombe na? Mina ngiyakumphendula, ngimbheke; nginjengomsayipuresi oluhlaza, kimina izithelo zakho ziyafunyanwa.” .	14:8 Ephraim shall say, What have I to do any more with idols? I have heard him, and observed him: I am like a green fir tree. From me is thy fruit found.
14:9 Ngubani ohlakaniphile, aqonde lezi zinto; ngubani onomqondo, azazi, na? Ngokuba izindlela zikaJehova zilungile; abalungileyo bayakuhamba ngazo, kepha abaphambukayo bayakukhubeka ngazo.	14:9 Who is wise, and he shall understand these things? prudent, and he shall know them? for the ways of the Lord are right, and the just shall walk in them: but the transgressors shall fall therein.